**IsiZulu**

**Ibanga 11**

**08 KuNhlangulana 2020**

**Umsebenzi womfundi**

1. **Izulu lina ngendlela engafani futhi engalingani. Phawula ukuthi lisuke linjani kulokhu okulandelayo:**
   (a) Uzamcolo
   (b) Isichotho
   (c) Umvimbi
   (d) Umathe ezimpukane
   (e) Umkhemezelo
   (f) Isangquma
2. **Izikhathi zonyaka: yisho ukuthi lezi zimo ezilandelayo zihambisana naziphi izikhathi zonyaka**
   (a) Isiphepho
   (b) Ukuduma
   (c) Ukukhipha inhlanzi emanzini
   (d) Uthingo lwenkosazana
   (e) Ungqoqwane
3. **Zakhele izimo zokukhuluma ezinomqondo ophathelene nesimo sezulu. Sebenzisa la magama owanikwe ngezansi.**
   (a) Umkhovu
   (b) Izindwani
   (c) Ukubalela
   (d) Ukuduma
   (e) Amakhaza
4. **Izakhi zenkathi: funda imisho elandelayo niqaphele umqondo ovezwa izakhi ezibhalwe ngokunzima.**
   (a) Izulu li**ya**balela ehlobo. (umqondo wento eyenzeka manje)
   (b) Izulu li**zo**balela kusasa (umqondo ozokwenzeka)
   (c) Izulu li**yo**balela uma kuvela uthingo lwenkosazana. (umqondo eyokwenzeka)

(d) Izulu libaleli**le** ngenyanga edlule.

**4.1 Nikeza umqondo olethwa yizakhi ezigqamile emshweni.**

(a) Izivakashi zi**ya**jabula uma izulu libalele

(b) Baningi aba**zo**tshala entwasahlobo

(c) Izihambi zi**yo**za ngobuningi uma linganananga

(d) Abathengisi ba**zo**dayisa kalula uma lingani izulu.

(e) Izimbali zihlobisi**le** entwasahlobo.

(f) Uthingo lwenkosazana lu**ya**gqama uma liphenya izulu.

(g) Ba**yo**zisola abazithela ngamanzi ngamanzi abandayo bangahlakuli manje.

(h) Zi**ya**cula izinyoni uma seliyeka ukuna.

(i) Bahambi**le** bayothenga amajazi emvula

(j) Abalindi bamabele ba**yo**hlanza ngedela uma kube nesomiso.

**4.2 Zakhele eyakho imisho eveza umqondo.**

(a) Wokwenzeka

(b) Wokuzokwenzeka

(c) Wokuyokwenzeka

(d) Nokwenzekile